



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

IPHEPHA LESIBILI (P2)

FEBRUWARI/MASHI 2012

IMEMORANDAMU

AMAMAKI: 70

Le memorandamu inamakhasi ayi-19.

ISIQEPHU A: INOVELI

UMBUZO 1: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

Izimpendulo zingathinta lokhu:

- UManyoba uvezwe njengendoda eyakhula kanzima, wakhulela epulazini. Lokhu kusebenza kanzima yikhona okwagcina kumenza abe yindoda eqotho futhi ekholwayo.
- UManyoba wagcina ngokweqa epulazini ayofuna amatoho eGoli ngoba wayephokophelele impilo engcono.
- Wasebenza ngokuzimisela wagcina esepumelele empilweni.
- Akathanga angafika eGoli wathatheka wakhohlwa yimuva. Wasebenza wabeka imali ngoba wayefuna ukwenza izinto ngokwesiko.
- Washada noNtombi wakwaNdlovu. Wabusisa ngabafana abane uFanyana, uMjwayeli, uBheki noMduduzi kanye nentombazane eyodwa uMirriam.
- Waqhubeka nokusebenza eGoli wafunda ngasese wazithuthukisa ngokufunda isiNgisi. Lokhu kwenza kwaba lula ukufunda nokubhala izincwadi ezazivela nezaziya ekhaya. Ngaphezu kwalokho kwenza namathuba okuthi athole nemisebenzi engcono nokukhushulelwa ezikhundleni ezingcono.
- Ngobuqotho bakhe uManyoba wathola umsebenzi omusha wokuba yinduna. Ngenxa yokuhlala ephokophelele inqubekela phambili, waphinda wafundela nokushayela izimoto. Lokhu kwamenza ukuthi akwazi nokufundisa kalula izingane zakhe zaze zafika eNyuvesi.
- Esesebenza eDeli waphinda waqhube izifundo zakhe eDamelin wathola isitifiketi sebangla leshumi (Grade 12).
- Wathenga ithikithi lelotto wawina izigidi zamarandi. Sangabe sisaba khona isidingo sokuthi yena nenkosikazi yakhe baye kwaSizabantu ngoba basebezokwazi ukuziphilisa.
- Wenza umcimbi omkhulu wokubonga. Izingane zathola isifundo sokuthi kufanele zinakekele abazali bazo uma bengasenawo amandla okuzibheka/ okuzondla. Lokhu kwazenza zaphoxeka uma sekuvela ukuthi zahlulwa ukunakekela abazali bazo abazikhulisa kanzima. Zaxolisa. Wazixolela uManyoba kodwa imali akazange azabele yona, wabela abazukulu wathi bayoyithola uma engasekho.

[35]

NOMA

UMBUZO 2: *KUSINDA KWEHLELA ENDODENI* – SJ Mchunu

- 2.1 Indlala/Ukweswela imali yokuziphilisa/base bephelelw amandla okuzondla. (1)
- 2.2
- Wazama ukuyofaka isicelo sempesheni.
 - Wahlela umcimbi omncane ukuze azise abantwana bakhe ngale nkinga ababebhekene nayo.
- (2)
- 2.3 Babengasweli lutho/babenayo imali yokuziphilisa (1)

- 2.4 UFanyana, uMjwayeli, uBheki noMduduzi. (4)
- 2.5 2.5.1 Ukucabanga/ukucabangisisa ngalokhu otshelwa khona. (2)
2.5.2 Ukukhokhela umuntu ukuze uthole okuthile. (2)
- 2.6 • Wafunda isiNgisi ngasese ebusuku.
• Wafunda ukushayela.
• Wafunda eDamelin wathola isitifiketi sebanga leshumi.
Nokunye okunembayo okungavezwa ngumfundu. (3)
- 2.7 Wasuke wabona amadoda amane ebambe indoda ngezandla nemilenze ayiphosa emgodini. Ngenxa yokuthi lawa madoda ambona uManyoba ukuthi uwabonile ngesikhathi ephonsa le ndoda emgodini, wasabela impilo yakhe washya umsebenzi. (2)
- 2.8 Wathi esezyo kohlala ezintandaneni wawina ilotto. Lokhu kwakuyindlela kaNkulunkulu yokumkhombisa ukuthi uma umuntu esezenze kanzima wahamba ngokuzithoba akasoze eswela.

NOMA

- Ukuhlangana kwabo nomfundisi Zakwe owagcina esebalayele kwaSizabantu. (2)
- 2.9 Okuthathu kwalokhu:
• Lokhu kusho ukuthi ngokwakhe indawo yomuntu wesifazane yayisesekhishini.
• Inkosikazi yakhe yayingasebenzi ihlala ekhaya igada izingane.
• Yena wayeziqhuba efunda ngeposi kodwa akakaze ayigquqquzele inkosikazi yakhe ukuthi nayo iziqhube.
• Izingane zabafana zonke zineziqo intombazane yona akasibonanga isidindo sokuthi ifunde njengabafana. (3)
- 2.10 Wazibulala:
Okukodwa kwalokhu:
• Ngenxa yokukhula ehlupheka, uManyoba wasebenza kanzima ukuze izingane zakhe zingabuzwa ubunzima obezwiwa nguye.
• Ngenxa yalolu thando wagcina engasazifundisanga ukuthi empilweni izinto zitholakala kanzima. Ukubhekana nobunzima uma umuntu ekhula bumfundisa ubuntu, nokukwazi ukuzwelana nabanye uma bese nkingeni.
• Ukulobolela ingane kungukuyibulala. Kufanele empilweni umuntu abuzwe ubunzima bokuzizamela nokuzitholela lokho akufisayo.
• Izingane zakhe azizange zisibone isidindo sokumnakekela nokumthanda lapho esezainga ngoba azibazi ubunzima adlula kubona ukuze zona zithole impilo engcono.

NOMA

Wayezisiza:

Wayenza ukuthi impilo ibe lula ukuze zingabuzwa ubunzima adlule kubona. (2)

2.11	Ngumfundisi Zakwe.	(1)
2.12	Ukuthi awazange abe yingxene yokuthathwa kwaleso sinqumo, abakhwenyana bawo bakhulumu bodwa kanti yiwona okwakuzomele anakekele abazali uma sebehlala nabo emizini yabo.	(2)
2.13	Yiqiniso, kuningi akwenza okufakazela lokhu: (Okubili kwalokhu) <ul style="list-style-type: none">• Walobola washada.• Wafundisa izingane zakhe.• Wazilobolela• Wafunda ngasese• Wayekholwa. Nokunye okunembayo okungavezwa ngumfundi.	(1)
2.14	2.14.1 B – uMaNdlovu 2.14.2 D – eMsinga 2.14.3 E – uMirriam 2.14.4 F – kwaMavundla 2.14.5 A - eThekwini	(1) (1) (1) (1) (1)

[35]

NOMA

UMBUZO 3: UMSHADO – N Zulu

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- Ziningi izinto ezenziwa nguBhekani ezaziphambene nesiko. Okokuqala washela umfelokazi ezilile. Umuntu ozilile uthathwa njengonesinyama. Kuyihlazo elingaphezulu uma esezoshelwa ngumfana omncane ongakaze ashade.
- Washela umuntu omdala kakhulu kunaye. Ngokwesintu indoda kumele kube yiyyona endala kunenkosikazi.
- Wayengafuni ukushisa impepho okuyiyona ndlela yokuxhumana nabaphansi.
- Wayengalaleli uma ubaba wakhe emkhombisa emaphusheni ukuthi akafuni ukuthi aganwe nguTholakele.
- Wayengalaleli uma umama wakhe ezwakalisa ukungahambisani nokulotsholwa kukaTholakele, kanti ngokwesintu umakoti akusiyena owakho wena mkhwenyana wakhe kodwa owedlozi/ owabaphansi.
- Wakhulelisa uLindiwe bengashadile. Ngokwesiko indoda kumele ilobole ishade kube yima ithola abantwana.
- Wethembisa uTholakele umshado ebe engakamazi kahle kanti ngokwesintu, insizwa kumele yazi ngemvelaphi yentombi efuna ukuyishada.
- Akalalelanga ngesikhathi abazali bakhe bembonisa ukuthi uLindiwe nguyena ntombi efanele ukuba ngumakoti wakhe.

- Walobolela emjondolo elobola kuZenze. Ngokwesiko intombi ilotsholelwa kubo, kubazali bayo. Indlela uTholakele alotsholwa ngayo yayiphambene nesiko.
- Kubakhongi bakaBhekani kwakungekho noyedwa oyisihlobo sakhe segazi. Lokho kusho ukuthi uBhekani akazange azithole izibusiso zabazali bakhe ngesikhathi eyolobola. Ukuthola izibusiso zabazali kuyinto ebaluleke kakhulu ngokwesiko lesiZulu.
- Ukulotsholwa kukaTholakele engakakhumuli inzilo futhi engageziwe kuphambene nesiko.

Imiphumela yokungahloniphi isiko:

- Ngenxa yokungahloniphi amasiko wazithola eshelwa izingubo zakhe kuwodilophu.
- Ukungalaleli abazali bakhe bamduba bangafuna ukumsiza ngezindaba zamalobolo.
- Wazithola eseblaselwa nguBhatomu bebanga uTholakele.
- Umphakathi wonke wamjikela, ngesikhathi ebamemela umshado wonke umuntu wayethi angeke aphumelele ngoba badinwa ukwenza kwakhe izinto eziphambene nesiko.
- Wazithola esephoxeka umukhwe wakhe esebuza ngelobolo esontweni ngosuku lomshado.

Waphinde waphoxeka esontweni umakoti wakhe esebofwa bengakalibophi ifindo lomshado.

[35]

NOMA

UMBUZO 4: UMSHADO – N Zulu

- 4.1 Owokushweleza kwabaphansi ukuthi bamamukele uTholakele njengomakoti wabo/umcimbi wempepho nembuzi. (1)
- 4.2 Ungumngani kaTholakele. (1)
- 4.3 UBheki wayebona sengathi nguPamella ofundisa uTholakele imikhuba emibi, futhi umenza aphuze notshwala. (2)
- 4.4 Okuthathu kwalokhu:
 - Wabuza ukuthi wayesebenzaphi uTholi, wamane wathi efemini.
 - Wabuza ukuthi babeyithathephi le mali engaka ababeyibala noPamella, wathi uzobuye amchazele.
 - Wabuza ukuthi amaphoyisa ayefike esibhedlela ayezokwenzani kuTholi, wavele wathi kukhona elingumzala wakhe elisuke lizomvakashela lawa amanye asuke emphelezela.
 - Wabuza ngezinga lemfundo yakhe, wathi wayefisa ukuba nguthisha wahlushwa ukugula.
 - Wabuza ngabazali bakhe, uTholi wangaphumeli obala.
 - Wabuza ukuthi uZenze wayeboshelweni, wathi uzobuye amchazele.Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu. (3)

- 4.5 Okuthathu kwalokhu:
- Weshela uTholakele ngoba ehlushwa ubaba wakhe emaphusheni ethi akaganwe, inkinga kaBhekani kwakungukuthi wayengenaye umuntu ayethandana naye ngaleso sikhathi.
 - ULindiwe wamshiya, wazibuyela yena ngoba esethanda. Wafike wamamukela uBhekani.
 - Intombazana/umfelokazi wokuqala ahlangana naye wathatheka wamethembisa umshado engakamazi nakahle.
 - Ukuthandana nomfelokazi omdala kunawe ube uyinsizwa kukhombisa ukuthi uyisishimane. Kwakumele ashele intombi engangaye ashade nayo.
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu. (3)
- 4.6 Izinto zamasiko eziphathelene nabangasekho/amadlozi. (2)
- 4.7 Wathi isangoma samtshela ukuthi uTholakele uzogula eguliswa yizidakamizwa, nangempela wagula walala esibhedlela. (2)
- 4.8 Wayembiza ngomfelokazi. (2)
- 4.9
- Ngosuku lomshado kwenzeka okungajwayelekile, ubaba kamakoti wamisa umshado efuna ukwazi ngelobolo.
 - Emva kwalokho kwafika amaphoyisa ezobopha umakoti.
 - Uboshwa nje abakalibophi ifindo lomshado.
 - Waphunyula kanjalo uBhekani, nakuba engakuvezanga kodwa wajabula umama kaBhekani.
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu (2)
- 4.10
- Umuntu ongalaleli uma eboniswa njengoba kwakwenza uBhekani ugcina esengene enkingeni.
 - Kumele uzinike isikhathi sokumazi umuntu ofuna ukushada naye.
 - Kungaba futhi ukuthi umuntu ongawagcini amasiko izinto azimhambeli kahle.
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu (3)
- 4.11
- Impilo kaZenze yayinobuzenze. Ngamanye amazwi wayephila ngegazi labanye abantu. Wayedla amandla kaBhekani.
 - Waboshwa wakhokhelwa uBhekani imali yebheyili angakaze ayibuyise.
 - Waphinda wadla imali yelobolo kaBhekani enza sengathi umele abazali bakaTholi kodwa ngosuku lomshado kwavela ukuthi leyo mali ayikaze ifike kubazali.
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu (3)

4.12 Uthanda izindaba:

- Wayazi zonke izindaba zikaBhekani njengokuthi wayethandana noTholakele ebe uBhekani angakaze amtshele.
- Wayazi zonke izindaba zikaTholakele njengokuthi washonelwa ngumkhwenyana, uthandana noPamella, bathengisa izidakamizwa. Azi nangoBhatomu nokuthi uTholakele wayengabatholi abantwana.
- Wayazi uma uBhekani evakashelwe nguLindiwe, ngelinye ilanga uBhekani wambona elunguze ngewindi, nakuba engabonanga ngaleso sikhathi ukuthi kwakungubani kodwa ulwazi uSfiso ayenalo lwalufakazela ukuthi nguyenlo owayebalunguza behleli noLindiwe.
- Wayazi nokuthi uLindiwe unyamalele akaziwa ukuthi ukuphi nakuba uBhekani engakaze amtshele.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundni.

NOMA

Wayengumngani oqotho/woqobo:

- Wazama ukuxwayisa uBhekani ukuthi uTholakele ungumfelokazi.
- Waphinda wambusa ukuthi njengoba ekhokha imali kaZenze yebheyili uyazi yini ukuthi uboshelweni.
- Waphinda waxwayisa uBhekani ngokuthi uyazi yini ukuthi uTholakele usebenzaphi.
- Waphinda waxwayisa uBhekani ngobudlelwano bukaPamella noTholakele. Wathi abalunguze ukuthi benzani ebusuku uma uPamella efikile ukuzovakashela uTholakele.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundni.

(3)

4.13 Yiqiniso. Wayengakwazi futhi engazimisele ngokufunda ukushisa impepho/Wayethandana nomfelokazi, lokhu kuphambene nesiko. Indlela alobola ngayo iphambene nesiko.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundni.

(3)

4.14 4.14.1 D - wayefuna ukungena uTholakele.

(1)

4.14.2 F - isizinda sendaba.

(1)

4.14.3 B - wayefika ngephupho kuBhekani nonina.

(1)

4.14.4 A - waguliswa ukudla izidakamizwa.

(1)

4.14.5 C - wakhishwa ejele ngemali kaBhekani.

(1)

[35]

AMAMAKI ESIQEPU A: **35**

ISIQEPHU B: UMDLALO

UMBUZO 5: *ISIKO NELUNGELO – N Zulu*

Izimpendulo zabafundi zingabhekiswa kulokhu okulandelayo:

- UMaMbatha akazange anike uThenjiwe ithuba lokuzila abhekane kahle nobuhlungu bokushonelwa ngumkhwenyana wakhe.
- Wayengazikhathalele izifiso zikaThenjiwe, engafuni nokumnika ithuba lokuthi azikhulumele.
- Wasabisa umyeni wakhe owayengafuni uThenjiwe angenwe ngokuthi uma engafuni ukuphoqa uThenjiwe ukuthi angenwe uzobhekana nolaka lwamadlozi.
- Waphoqa uDumsani ukuthi avume ukungena uThenjiwe. Lokhu wayekwenza emsabisa ngokuthi uma engavumi kusho ukuthi akafuni ukuvusa umazi womfowabo.
- Walwisana noNondumiso udadewabo kaThenjiwe owayezama ukuxoxisana nomndeni wakwaZungu ebabonisa ukuthi akumele baphoqe uThenjiwe.
- Wasabisa abazali bakaThenjiwe ukuthi kuzomele bakhokhe ilobolo uma bevumela uThenjiwe abuye le ekhaya.
- Wakhulumka kabi ngoThenjiwe kubazali bakhe wathi akahloniphi emzini.
- Waqambela uSipho amanga wathi ubelalele uDumisani endleleni wase emgwaza engenzanga lutho.
- Waphinda wacindezelu uSipho ejele wathi uysoka likaThenjiwe.
- Wenza isiqiniseko sokuthi uSipho uyaboshwa futhi akadedelwa uThenjiwe engakavumi ukushada noDumisani.
- Waphinda waphoqa uThenjiwe ukuthi avume ukungenwa uDumisani emva kokuthi ebanjwe nguThabi ezama ukufakela uDumisani ushev u etiyeni. Wamsabisa ngokuthi uma engavumi uzombophisa.
- Ekugcineni isifiso sikaMaMbatha saphumelela.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu

[35]

NOMA

UMBUZO 6: *ISIKO NELUNGELO – N Zulu*

6.1 UDumisani ugwarzwe izigebengu./UThenjiwe unesoka./Izigebengu zimlalele endleleni uDumisani. (1)

6.2 Ungumuntu onamanga ngoba akakhulumanga iqiniso ngokulimala kukaDumisani.

NOMA

Unehaba wenza sengathi uDumisani ulimele kakhulu. (2)

6.3 Ukucasha ulinde umuntu lapho ezodlula ngakhona bese uyamhlasel. (2)

- 6.4 • Wathi lapho efika ekhaya ehamba nodadewabo uNondumiso ezobika ukuthi abakwaZungu bafuna angenwe uDumisani, abazali bakhe bamphindisela emzini bathi wakhishwa abakwazi ukumamukela ngoba lokho kungasho ukuthi kumele baphindisele ilobolo kwaZungu.
- Ngesikhathi kufika uMaMbatha ezobika ukuthi isoka likaThenjiwe seligwaze uDumisani, abazali bakhe abazange bamniike ithuba lokuthi achaze bavele bakholwa yilokho okwakushiwo nguMaMbatha.
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi. (2)
- 6.5 Wayethi uma ededela uThenjiwe abuyele ekhaya amadlozi/abaphansi babezolwa naye. (2)
- 6.6 Okubili kwalokhu:
- Wamuka/wahamba emzini, wabuya esebuya nabazali bakhe.
 - Washaya walimaza uDumisani ngetshe./
 - Wafaka ushev uetiye ni elalizophuzwa nguDumisani. (okubili kwalokhu)
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi. (2)
- 6.7 • Wayethi uThenjiwe unelungelo lokuzikhethela ukuthi ufunu ukuyiphila kanjani impilo yakhe.
- Aphinde athi uThenjiwe kwakumele ababophe abakwaZungu uma bemphoqa ukuthi angenwe nguDumisani ngenkani. (2)
- 6.8 Kulesi sikhathi esiphila kusona ilungelo lomuntu wesifazane liyahlonishwa kakhulu. Akekho ongaphoqa umuntu ukuthi enze into angayithandi. /Kulesi sikhathi samanje abazali abanawo amandla okuthathela izingane zabo izinqumo, ikakhulukazi uma sezikhulile. (2)
- 6.9 • Indikimba yalo mdlalo ukuhlukunyeza kwamalungelo abantu besifazane.
- Okuyikhona okugqamile ngaloku kuhlukunyeza kwamalungelo ukuthi abantu besifazane abacindezela kakhulu abanye besifazane.
- Kulo mdlalo uMaMbatha nguyen owayemcindezela kakhulu uThenjiwe kunomyeni wakhe uZungu noma ukucindezelana kwabantu esifazane bebobwa.
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi. (3)
- 6.10 Okubili kwalokhu:
- Wabekwa amacula angekho kwathiwa wonisa uThenjiwe emzini.
 - Wanganikwa ithuba lokuthi abize ufakazi.
 - Kwathiwa uyophuma ejele mhla uThenjiwe wavuma ukugana/ukushada uDumisani.
- Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundi. (2)
- 6.11 6.11.1 Ugogo: Wathi esegulela ukufa wathumela umyalezo kuThenjiwe ukuthi ngabe useshonile usebanjwe ukuthi uThenjiwe avume ukugana uDumisani. (2)

- 6.11.2 USipho: Wahluleka ukumelana nobunzima basejele wazibulala washiya incwadi encenga uThenjiwe ukuthi akavume ukugana uDumisani. (2)
- 6.12 • Wayengamphenduli ngendelelo umamezala wakhe noma wayengayithandi into ayeyisho kuye.
• Wayephekela umndeni wakwaZungu ikakhulukazi ubabezala wakhe.
• Wacela ukubuyela ekhaya akavelanga wazihambela nje.
(Okubili kwalokhu) (2)
- 6.13 • Wayengakwazi nokushela wayembamba ngenkani uThenjiwe.
• Wagcina ehlulekile ukweshela wagcina esemcindezela/esemphoqa uThenjiwe ukuthi amgane ngenkani.
• Akukho lapho simuzwa khona ezibika uThenjiwe aze adideke.
Nokunye okunembayo okungashiwu ngumfundu (2)
- 6.14 Uma inkosikazi ishonetwe ngumkhwenyana wayo kuyaye kuvunyelwane ukuthi omunye kubafowabo kamkhwenyana kumele kube nguyena osezoba ngumkhwenyana omusha waleyo nkosikazi. Lokhu kwenzelwa ukuthi inkosikazi ingaphumi iyogana kwesinye isibongo izingane zizithole sezihlupheka (2)
- 6.15 6.15.1 C - uMdali. (1)
6.15.2 E - inhlawulo enikezwa umuntu emuva kokuthethwa kwecala. (1)
6.15.3 A - ukugula kakhulu. (1)
6.15.4 B - wabhala incwadi esejele. (1)
6.15.5 D - uyise kaDumisani. (1)
- [35]

NOMA

UMBUZO 7: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

Izimpendulo zingathinta lawa maphuzu alandelayo:

- Zisuka nje uDuma oyikhansela akafuni ukuthathisela enkosini uma kukhona izinto afuna ukuzenza endaweni. Lokhu kukhombisa indelelelo.
- Izinto azenzayo nazishoyo uDuma zikhombisa ukuthi unekhanda eliqinile. Uqhakambisa ukuthi yena wakhethwa ngabantu.
- Induna uDlamini uma imkuza ukuthi angazenzeli izinto ngekhanda lakhe nayo akayilaleli. Ugcina eselimele ekhanda ngenxa yokubiza umhlangano ngaphandle kwemvume.
- Wenza konke lokhu nje kunamashoshozela angoMbandlw, ongunobhala wenhlangano, kanye nomkakhe uMaShezi.
- Uma sekonakala uMaShezi uguqula umqondo, usefuna umyeni wakhe uDuma abonisane nenkosi manje ngaphambi kokwenza izinto. Nalapho uqinisa ikhanda.

- UDuma ubophisa induna yenkosi.
- Ukubonisana kukaMaShezi noMaNgema inkosikazi yenkosi kuholele ekutheni inkosi ibize uDuma ukuba eze kuyo.
- UDuma wenqaba ukuya enkosini.
- Indelelo yabo igcina isibulalise abantu endaweni. UDuma abalekele emaphoyiseni.
- UDuma noMaShezi bayaxolisa enkosini nayo ixole bese ithumela umfundisi uMazongolo ayoyibambela umhlangano wesizwe sayo.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundni

[35]

NOMA

UMBUZO 8: ABABULALI BENYATHI – RM Mngadi

- 8.1 Basemzini kaDuma. (1)
- 8.2 UDuma uyikhansela, uMbandlwa unguNobhala weKhansela. (2)
- 8.3
 - Ukuya kozehlisa enkosini.
 - Ukuyeka ubukhansela.(2)
- 8.4
 - Ukubiza umhlangano engayazisile inkosi.
 - Ukungasabeli uma inkosi imbiza.Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundni (2)
- 8.5 8.5.1
 - Ukuqala kubamnyama ngaphandle.(2)
- 8.5.2
 - Ukushaywa uvalo/ukwesaba.(2)
- 8.6 8.6.1 UMbandlwa. (1)
- 8.6.2 UMaNgema. (1)
- 8.6.3 kaDlamini. (1)
- 8.6.4 UMazongolo. (1)
- 8.6.5 UMaShezi. (1)
- 8.7 UDuma ngoba nguye ofuna ukuletha intuthuko kodwa inkosi uShandu iyamvimbela. (3)
- 8.8 Ukuthi umuntu kufanele akhethe ukuthi uthatha iziyalo kubantu abanjani. Lapha sithola uDuma edukiswa nguMbandlwa.

NOMA

Umuntu kufanele azi ukuthi inhlonipho ibalulekile. Kungafani noDuma noMbandlwa ababengayihloniphi inkosi.

NOMA

Umuntu onganakekile akalalelwya abantu babona ekugcineni- uMaShezi wazama ukubonisa umyeni wakhe kodwa akangamlalela kwaze kwafa abantu.

(2)

8.9 Okune kwalokhu:

- UMbandlwa uphuma ekilasini eyotshela abantu abangaphandle ukuthi umhlangano ungakuphi.
- Bahilizana noDlamini, uDlamini washaya uMbandlwa.
- UMbandlwa wangena ekilasini esopha ekhanda elandelwa yinduna uDlamini ephethe induku.
- UDlamini wangena ephethe induku wakhomba uDuma phakathi kwamehlo.
- Washaya uDuma emlenzeni ngenduku.
- Waxosha abantu abasemhlanganweni ebabiza ngamaxoki ebakhomba ngenduku.
- Indoda yesibili isikaze abaseduze kwayo ibuze abantu ukuthi yimfene yini lena ekhulumayo.
- Abantu baphume belandelana sebebaleka.
- UDlaminiacoshe ibhukwana etafuleni alidabule bese elilahla phansi.

(Okune kwalokhu)

(4)

8.10 Izimpendulo ziyokwehluka:

- Abanye bangathi akufanele ngoba emphakathini uzophatha namadoda anemizi okungadingeka ukuthi uwaside ngezinkinga zeminden yawo bese kuba nzima. Lokhu kuhambisana nenkolelo yabantu emakhaya/ indoda engenankosikazi ithathwa njengomfana ngoba ayikho into engayitshela amadoda anamakkosikazi ayizwe.
- Abanye bangathi kufanele ngoba umphakathi uhlanganisa wonke umuntu. Izingane nazo zinezinkinga zazo okufanele zixazululelwe zona inqobo nje uma umuntu enayo indlela angasiza ngayo ulungle. Lokhu kunganqanda ukubandlululana/ uMthethosisekelo waseNingizimu Afrika uthi abantu bayalingana.

(3)

8.11 Okubili kwalokhu:

- UMbandlwa washaywa walinyazwa nguDlamini owayehamba nequlu lamadoda ayehaya iziqubulo.
- UMaShezi wasatshiswa iqlu labafana elalidlula ngakwakhe.
- UDlamini washiselwa umuzi wabulawa yena nomndeni wakhe.
- UMbandlwa wabulalwa.
- Kwakuke kube nokuqhuma kwezibhamu nje endaweni kungaziwa ukuthi ziqhunyiswa ubani.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu.

(2)

8.12 • Uyazi ngezePolitiki futhi uqguqguzela umyen i wakhe ukuthi angayihloniphi inkosi ekuqaleni kwendaba.

- Wamuka emzini ngesikhathi uDuma engafuni ukumlalela.
- Waxosha uMbandlwa wathi angaphinde eze kwakhe.

Nokunye okunembayo okungashiwo ngumfundu

(3)

8.13 Yiqiniso – inkosi uShandu yakwazi ukuxolela uDuma ngesenzo sokungayihloniphi noma sekufe abantu endaweni yayo.

(2)

[35]

ISIQEPHU C: IZINDABA EZIMFUSHANE

IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ Ntuli (Umhleli)

UMBUZO 9: *Imfihlo Kamakoti – MT Mkhize*

Impendulo ingathinta lokho ukulandelayo:

- URoy wayekade eshadile enomuzi eMgungundlovu. Inkosikazi yakhe yangaziphatha kahle bagcina ngokuhlukana.
- Ukuhlukana kukaRoy nenkosikazi wakhe kwamshiya engenamali futhi engasazimisele ngokuthi angaphinda alobole omunye umuntu wesifazane.
- Uhlangana noRebecca nje usehlala nomama wakhe uMaKhulu. UMaKhulu lo usemdala kakhulu useyamdinga umuntu ozomelekelela ngemisebenzi yasekhaya. Nakuba uRoy ekubona lokhu inkinga ukuthi amandla okulobola akanawo.
- Wathi uma ehlangana noRebecca wamtshela ukuthi yena kubo akulotsholwa. URoy wathatheka yilokhu wanquma ukuthi nakanjani uzomshada.
- Uthatha isinqumo sokumshada nje, akakamazi nakahle, akakamfundu. Waze wamnika nebhantshi lakhe ukuthi amwashele lona ngoba wathi usebenza elondolo.
- Uma esezolanda ibhantshi lakhe kulapho-ke athola khona ukuthi uRebecca lo yisipoki. Kwakhona nje ukuya kuboka ntombi ufile ungene ngaphakathi upake egcekeni ungakabi umkhwenyana ngokusemthethweni kuphambene nenqubo yesintu.
- Uthe esatuswe yilokho kanti bazophinda babonane esiteshini lapho babebonane khona ekuqaleni. URebecca wacela uRoy ukuthi ehle emotweni baye endaweni eyihlokozana ethe ukuqhela.
- Wavuma uRoy, kulapha-ke lapho uRebecca atshengisa khona uRoy imali ayeyifihlile okuyiyona eyayenza umphefumulo wakhe ungakutholi ukuphumula.
- Wabe esemchazela uRoy ukuthi wayithola kanjani le mali, wamnika yona.
- Nokho-ke yayihamba nemibandela: yokwakhela uRebecca indlu enkulu eyisitezi, ukuvakashelwa nguRebecca, nokungaganwa.
- Isizathu sikaRoy nje sokunquma ukuthi uzoshada noRebecca sasingasuki ngaphakathi, uRebecca wayengezomshada ngoba emthanda. Wayezomshada ngoba umama wakhe wayedinga umuntu ozomsiza ngomsebenzi wasendlini. Akukho lapho sizwa khona ethi uyamthanda uRebecca, zonke izizathu ayezibeka zazihambisana nokwenza impilo yakhe ibe lula (convenience).
- Bambalwa abantu ababengahlangana nomuntu ngosuku lokuqala, ebusuku nokwenza besebethatheka banqume ukuthi bazomshada ngoba nje ethi kubo akulotsholwa ngoba akuqali ngelobolo kuqala ngothando bese kulandela ilobolo. URoy wenza okungajwayelekile. Ngenxa yokuthi ingqondo yakhe yayibuswa ukungabi namali wagcina esethatha izinqumo ezingafanele.
- Bambalwa futhi abantu ababengavuma ukuba nomakoti oyisipoki.

Nokunye okunembayo okungavezwa ngumfundu.

[35]

NOMA

UMBUZO 10: *Illobolo – S Zimema*

- 10.1 Ezine. (1)
- 10.2 Kukhona indoda eyayifuna ukuthwala umakoti wakhe. (1)
- 10.3 - Illobolo
- usuku lomshado
- Umakoti. (3)
- 10.4 Wayelungile. (1)
- 10.5 Okuthathu kwalokhu:
 - Babemyala uMandlenkosi ukuthi akathobele umthetho kamukhwe wakhe.
 - Babemkuza uMandlenkosi lapho ethi ufuno ukuthatha umakoti ngenkani ahambane naye ayohlala lapho ayesebenza khona.
 - Bakhulisa uMandlenkosi ngobuqotho waba indoda ehloniphayo.
 - Babefisa uMandlenkosi alekelele umukhwe wakhe ngezindleko zomngcwabo.Nokunye okunembayo okungavezwa ngumfundu. (3)
- 10.6 Wayengafuni baye ocansini/ Wayengafuni balale ndawonye. (2)
- 10.7 **Kwakuyisinqumo esihle:**
Umukhwe wakhe wayekade emncikiselela ngento ayeseyikhokhele. Uma ingasekho kwakufanele alande imali yakhe.
NOMA
Kwakuyisinqumo esibi:
Njengoba umakoti ashona lokho kwakungelona icala elalingathweswa umukhwe wakhe. Ukushona komuntu okukaNkulunkulu/Kwakuzoba ihlazo kubukeke sengathi akazwelani nabasekhweni lakhe. (3)
- 10.8 Okuthathu kwalokhu:
 - UMandlenkosi usalandela izifiso zomukhwe wakhe. Intsha yamanje iyakipita emafulethini ngaphandle kwemvume yabazali bayo. Ayilindi nokuthi ize ishade.
 - UMandlenkosi usahlala kubo yize esemdala esebeza. Kulesi sikhathi samanje umuntu unele asebenze aphume aye kohlala yedwa noma nentombi yakhe.
 - Isibusiso somukhwe wakhe sisabalulekile kuyena. Esikhathini samanje intsha ayinandaba nokuthi abazali bayo bafisani ngayo.
 - Lesi isikhathi samalungelo, wonke umuntu ulazi kahle ilungelo lakhe. Akekho umuntu ongathi abantu beshadile ngokusemthethweni, athi yena abangahlali ndawonye kuze kusho yena.
 - Kusakhulunya ngokuthwalwa kwentombi. Lelo siko alisamukelekile manje. Umuntu usengakubopha uma umthwala.Nokunye okunembayo okungavezwa ngumfundu (3)

- 10.9 • Ungazami ukuzenza uNkulunkulu. Wazama ukuvimba uthando lukaMandlenkosi nomakoti wakhe kodwa kwagcina kunguyena ohlazekile sekuvela ubuze bakhe.

NOMA

- Okwenza kwabanye kuyobuya kuze kuwena. Wayeziqhenya kuMandlenkosi engafuni ukuxoxisana naye. Ekugcineni nguyena owayesefuna usizo lukaMandlenkosi. Ngaleso sikhathi uMandlenkosi wayeseziqhenya emzwisa lokhu ayekwenza kuyena. (2)
- 10.10 Wayefuna amelekelele ngezindleko zomngcwabo. (2)
- 10.11 Iqiniso.
- Basebembuza ukuthi kungani umakoti engahlali naye ngoba wayeselobolile.
 - Babembhuqa bebuza ukuthi umakoti waya kothwasa yini. (3)
- 10.12 • Wayediliziwe emsebenzini efuna indodakazi yakhe imondle.
• Kungenzeka ukuthi wayeseyidlile imali yelobolo. (2)
- 10.13 Wayesanda kuthola imali yokudilizwa emsebenzini waphinde wathola nemali yelobolo kodwa wayengasenayo imali yokungcwaba indodakazi yakhe. (2)
- 10.14 • Ungabi nomona, umukhwe kaMandlenkosi wayenomona engafuni ukudedela indodakazi yakhe. Wayegodle ilobolo, usuku lomshado, nomakoti.
• Ungaziphakamisi ngoba uzibona unothono abanye bengenalutho ngoba nawe kusasa ungazithola ungasenalutho.
• Ukusebenzisa budedengu ilungelo lokuba ngumzali akunaso isibusiso. Umukhwe kaMandlenkosi wayesebenzisa ilungelo lakhe lokuba ngumzali ukuphoqa indodakazi yakhe ukuthi ihlale naye ekhaya imondle ngoba yena engasebenzi. Ekugcineni lamphelela lelo lungelo. (3)
- 10.15 Bekumele uMandlenkosi agcine evumile ukwelekelela/ukusiza umukhwe wakhe ngezindleko zomngcwabo. (2)
- 10.16 Kungesikhathi bethi akavume ukwelekelela/ukusiza umukhwe wakhe ngezindleko zomngcwabo, kodwa wenqaba/akavumanga. (2)
[35]

AMAMAKI ESIQEPU B: 35

ISIQEPHU D: IZINKONDLO

IZINKWAZI ZOTHUKELA/AMAHLOKOHLOKO – EJ Mhlanga no JJ Thwala

UMBUZO 11

Kwamfazi Ongemama – FF Mbatha

11.1 Okubili kwalokhu:

- Kule nkondlo imbongi ikhulumu ngempilo entsha eyoyiqala.
- Ithi iya kwamfazi ongemama, ngamanye amazwi ithi iya kubantu abangayikhathalele, abayizondayo abazoyiphatha kabi.
- Ayikakangeni kule mpilo kodwa isilindele ukuphathwa kabi vele.
- Ithi ngisho igula kuyothiwa iyazenzisa.
- Nakuba yazi ukuthi iyohlupheka phambili, izimisele ngokuqhubeka iyobekezelela lolo sizi.

Nokunye okunembayo okungashiwo umfundi.

(2)

11.2 Umendo.

(1)

11.3 Ngoba kuyahlushekwa, abakuzwelu uma uganile ngoba awusilona ilungu lomndeni wabo./ingoba umama walapho akakwamukeli njengelunga lomndeni.

(2)

11.4 Ngidele.

(1)

11.5 11.5.1 Ukugula kakhulu/usungashona noma inini.

(2)

11.5.2 Emendweni/lapho uthanda ukuya khona.

(2)

11.6 Ilirikhi.

(1)

11.7 UMdali/uNkulunkulu

(1)

11.8 Ugcizelela ukuthi uzimisele kangakanani ukubekezela nokugcina zonke iziyalo nemithetho yasemzini.

(2)

11.9 Ngidele ...

Ngidel' ...

Ngadel' ...

Ngadela ...

(2)

11.10 Siyanensa. Imigqa eminingi ineziphumuzi.

(1½)

[17½]

NOMA

UMBUZO 12

Phansi – LMMS Madondo

- 12.1 Okubili kwalokhu:
- Le nkondlo ikhuluma ngendlela umuntu okufanele aziphathe ngayo lapha emhlabeni.
 - Imbongi ithi uma sisaphila lapha emhlabeni kumele sizithobe, sizehlise, siuhloniphe umhlabu ukuze nawo usihloniphe.
 - Ngomhlabu imbongi iqondise kubantu esiphilisana nabo.
 - Imbongi ithi isikhathi esisiphila lapha emhlabeni asive sisifishane kanti futhi siphila kanye alikho ithuba lokuzama bese kuyima uzophila ngempela. Okukakhulukazi imbongi ikhuthaza intobeko kubantu.
 - Abantu abazazi ukuthi bazi yonke into izinto azibalungeli.
 - Ithi labo abathanda ukubukwa nabaziphakamisayo bagcina behla kabuhlungu phezulu.
 - Ekugcineni imbongi ithi ungabombukela phansi noma umhleke umuntu uma ephansi ngoba isondo liyaphenduka. Ungathi kade umuntu umgcine ephansi umthole esephezulu bese kuthi labo ababephezulu bazithole sebephansi.
- Nokunye okunembayo okungavezwa ngumfundu. (2)
- 12.2 Isenzasamuntu. (2)
- 12.3 12.3.1 Abantu abathanda ukubukwa/abenza izinto ngoba befuna ukubukwa bayathotshiswa/bayehliswa. (2)
- 12.3.2 Obebhekeleka phansi uyaphakanyiswa. (2)
- 12.4 Abenza izinto ngoba benzela ukukhombisa abanye ukuthi bangakwazi ukuzenza hhayi ngoba bezidinga/ abantu abathanda ukubukwa. (1)
- 12.5 Ilirikhi. (1)
- 12.6 Bhu- imbongi ikhombisa ukuthi umuntu uwa kube nzima ukuvuka abuyelesimweni akade ekusona. (2)
- 12.7 Siyashesha. Imigqa eminingi ivulekile futhi mide. (1½)
- 12.8 Umhlabu ...
Uwuhtoniphe uwukhonze uyakukuhlonipha
Ubazonda
Sinye ...
Sifushane ... (2)
- 12.9 ... **uhambo** (2)
[17½]

NOMA

UMBUZO 13

Ngiyafisa Ukuba Qotho – DA Hlophe

- 13.1 • Kule nkondlo imbongi izifikiso zayo zokuthi ibe qotho kukho konke ekwenzayo.
• Iyazibala-ke nezindawo efisa ukuba qotho kuzo.
• Ifisa ukuba qotho ekukhulumeni, kubazali bayo, ekusebenziseni iziphiwo enazo, nakuMdali uqobo.
• Kafushane nje imbongi ifisa ukuthi konke ekwenzayo kukhombise ubuqotho.
• Okucacayo ngezifiso zembongi ukuthi konke lokhu efisa ukukwenza ikwenzela ukujabulisa abanyeabantu hhayi yona.
• Ngezenzo zayo zobuqotho ifisa ukujabulisa abazali, umphakathi kanye noSomandla ikakhulukazi ngoba yena umaikhala kuye uyalalela abese eyiphendula.
- Nokunye okunembayo okungavezwa ngumfundu. (2)

- 13.2 Ukwenza konke okwenzayo ngokwethembeka noma ngabe akekho okubonayo. (2)
- 13.3 Ngiyafisa ukuba qotho-ikhombisa ukugcizelela kokulangazelela/ukufisa ukuba umuntu ophila ngendlela eyisibonelo esihle. (2)
- 13.4 Ukwenzasamuntu (2)
- 13.5 Ibizo qho/ligcizelela ubukhulu bukaSomandla/uMdali/uNkulunkulu (1½)
- 13.6 13.6.1 Nguyenya owazi izifiso zami/engifisa ukugcina ngiyikho/owazi ngesiphetho sami. (2)
- 13.6.2 Ngithethelwe amacala ami. (2)
- 13.7 **Ngiyafisa ...**
Ngishumayele ...
Ngibe ... (1)
- 13.8 Ukuxhumana sigcino
Ngiyafisa ukuba **qotho**
Ngishumayele ngobu**qotho** (1)
[17½]

NOMA

UMBUZO 14

Ungumzali Onjani – DA Hlophe

- 14.1 Okubili kwalokhu:
- Kule nkondlo imbongi igxeka umzali ongawenzi umsebenzi wakhe wokuba umzali oqotho.
 - Umzali ongazikhathaleli izingane zakhe.
 - Umzali ongazivikeli izingane zakhe.
 - Umzali ongazondli izingane zakhe.
 - Aphinde angazifundisi indlela okuyiyona yona yokuphila. (okubili kwalokhu)
- Nokunye okungavezwa ngumfundu. (2)
- 14.2 Ugcizelela ukubaluleka kokuvikela nokuqondisa izingane ukuze kuthi noma zihlangabezana nezinkinga zikwazi ukuzimela. (2)
- 14.3 Izingane/abantwana. (1)
- 14.4 Ilirikhi. (1)
- 14.5 Isingathekiso. (2)
- 14.6 14.6.1 Ukusutha kakhulu. (2)
- 14.6.2 Azifundise indlela yokuziphatha eyiyonayona. (2)
- 14.7 Onhlizyo yakhe iyitshe
Ongafuni ukusinika
Igcizelela ubulukhuni benhlizyo yalo mzali akhulumu ngaye. (2)
- 14.8 Ikhombisa ukugcizelela lokho ekhulumu ngakho. (1½)
- 14.9 Isigqi sale nkondlo siyanensa ngoba imigqa mifishane futhi ineziphumuzi. (2)
[17½]

AMAMAKI ESIQEPU D: 35
AMAMAKI ESEWONKE: 70